Thola ulwazi ngamalungelo akho amayelana nemvelo!

ENDANGERED WILDLIFE TRUST

Ngabe ukhona ohlela intuthuko ewubudedengu endaweni yangakini?

UMTHETHO SISEKELO WASE-NINGIZIMU AFRIKA (I -CONSTITUTION) UTHI:

"**Wonke umuntu unelungelo lemvelo engenabo ubungozi empilweni yakhe noma ekuphileni kwakhe**; kanye nokuba nemvelo evikelekile, ukuze kuhlomule isizukulwane samanje nesakusasa, lokhu okufuneka kuqinisekiswe ngokubeka umthetho owamukelekile kanye nezinye izinsiza **ezivikela ukungcola kanye nokuguguleka kwemvelo;** kuqhakanjiswe uhlelo lokuvikelwa kwemvelo, kanye nokugcinwa kwentuthuko eqhakambisa ukongiwa kwemvelo kanye nokusebenzisa izinsiza ezitholakala kwimvelo kube kuqhakambiswa ezomnotho kanye nezezibonelelo ezinobulungiswa."

Ukuvikela lelungelo labobonke abahlali; bonke abakumkhakha wezokuthuthukisa baphoqwa umthetho ukuthi baqashe Umcwaningi Wemvelo ozimele (**obizwa nge Environmental Assessment Practitioner (EAP) ngesingisi**) okunguyena owenza ucwaningo lokuthinteka kwemvelo**(Environmental Impact Assessment (EIA)**. Enye yenxenye yalocwaningo lokuthinteka kwemvelo kubandakanya ukubamba iqhaza komphakathi kulohlelo. Lomqulu uchaza kabanzi mayelana nokuba inxenye yalohlelo lokuvikela **amalungelo** akho kanye nawomphakathi kanye nemigomo ekufuneka ilandelwe uma ubona sengazathi lamalungelo aphuliwe.

Uhlelo lwe EIA **kufuneka luhlanganise ukuqinisekisa ukuthi amalunga omphakathi aba inxenye yalohlelo** ukuze kuqinisekise ukuthi kunobulungiswa kuhlanganise nokuthi izikhalazo kanye nolwazi lendabuko kubhekelelwe.

Abanini bomhlaba, kube ilabo abanelungelo lomhlaba, kanye nalaba abahlala kumhlaba osondelene, noma imiphakathi ethintekayo uma kuthuthukiswa umhlaba kufuneka baxwayiswe ngaleyontuthuko baphinde banikwe ithuba lokubhalisela ukuba amalunga akhathazekile nathintekayo kulolohlobo lwentuthuko (**Interested and Affected parties (I&APs)**) kungakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu lesosimemezelo sentuthuko sishicilelwe(lezinsuku azibandakanyi amaholidi asemthethweni kanye nezikhathi zokuphumula ngo Zibandlela).

Ama-I&APs kufuneka anikwe ulwazi olucacile mayelana nohlobo kanye nendawo lapho intuthuko izoba khona, uma kunolunye ulwazi okufuneka lutholakale, kanjani kanye naloyo ekungaxhunywana naye mayelana nesicelo kanye nosuku nendawo yohlelo lomhlangano womphakathi omayelana naleyontuthuko. Ama-I&APs angabeka umbono kuzozonke izaziso nezishicelelo aphinde aphakamise imibono nezikhalazo kulokho abona sengazathi kubalulekile ukuthi kuxoxwe kabanzi ngakho.

Yonke imibono evela kuma- I&Aps kufuneka ishicilelwe phansi, kuhlanganise nezimpendulo, **lokhu kuhlanganiswe nazo zonke izishicilelo** kumikiswe kubaphathi abakhulu bohlelo lwe-EIA ekuyibona abathatha isinqumo mayelana nesicelo saleyontuthuko

Kufuneka kube khona Izindlela ezinye ezamukelekile **zokuthola ulwazi kanye noku phakamisa imibono** ezivela kumcwaningi wemvelo ozimele (EAP) uma kunesimo sokuba khona kwabantu abangakwazi ukufunda, abakhuluma izilimu ezingafani nalolu okubhalwe ngalo isicelo sentuthuko, abakhubazekile noma ezinye izinhlobo ezibeka abantu esimweni sokuthi bangakwazi ukusizakala.

Imininingwano yokuxhumana nezinhlangano ezingakusiza uma ubona sengazathi amalungelo akho aphuliwe.

Government Authorities

Department of Environment, Forestry & Fisheries
Email: callcentre@environment.gov.za
Tel: 086 111 2468
Violations Hotline: 0800 205 005

Chapter 9 Institutions

South African Human Rights Commission
Email: info@sahrc.org.za (National)/
kboyce@sahrc.org.za (KwaZulu Natal Office)
Tel: 011 877 3600 (National)/ 031 304 7323 (KwaZulu Natal)

NGOs & Law Clinics

Centre for Environmental Rights
Website: www.cer.org.za
Email: info@cer.org.za
Tel: 021 4471647

Lawyers for Human Rights
Website: www.lhr.org.za
Email: durban@lhr.org.za
Tel: 011 339 1960 (National)/ 031 301 0531 (KZN)

Legal Resources Centre
Website: www.lrc.org.za
Email: info@lrc.org.za
Tel: 011 836 9831 (National)/ 031 301 7572 (KwaZulu Natal Office)

Action Aid
Website: south-africa.actionaid.org
Email: info.za@actionaid.org
Tel: 011 731 4560

Yini Okufuneka Ukubheke

- Izinhlelo zocwaningo lokuthinteka kwemvelo ama-Environmental Impact Assessments (EIAs) ngokomthetho wase Ningizimu Afrika kudingeka ukuthi aqinisekise ubulungiswa obugcwele ngesikhathi sohlelo lwesicelo sentuthuko. Izikhalazo zasendaweni kanye nolwazi lwendabuko kufuneka kubhekelelwe kuhlanganise ukuphepha kwakho okuhlangene nemvelo, izinsiza ezitholakala kwimvelo kanye nokugcinwa nokunakekelwa kwamagugu esizwe.
- Uyi- I&AP, ungafaka umbono wakho kuzozonke izinxenye zohlelo bese kuthi izikhalazo zakho zamukelwe bese kuxhunywana nawe ngezisombuluko.
- Zonke izicelo zentuthuko zidinga ukuhambisana nelayisensi yokusetshenziswa kwamanzi, qinisekisa ukuthi ilungelo lakho elikumthethosiseko lokuba namanzi ahlanzekile aliphulwa.
- Qinisekisa ukuthi uhlelo olulungile olumayelana nezixazululo nobulungiswa luhambe ngomthetho. Lokhu kuchaza ukuthi uhlelo lwe-EIA bekufuneka luhambe ngalendlela: Okokuqala ukuziba,kube ukunciphisa, kube ukwehlisa izinga lomonakalo/ukuvuselela kanye nokubhekelela izinsiza (ngalolohlelo kuhlanganise zonke izigaba).
- Qaphela izethembiso zamanga ezimayelana namathuba emisebenzi kanye nokunye ukuhlomula. Noma kungenzeka ukuthi amathuba emsebenzi akheke kufuneka ucabangisise ngekusasa lomphakathi wakho kanye nomhlaba wobabamkhulu esikhundleni samathuba omsebenzi azosheshe aphele.
- Qinisekisa ukuthi amagugu, kuhlanganise izindawo zamathuna, izindawo ezibalulekile zamagugu kanye nezindawo zezigodlo kubhekelelwe.

Lomsebenzi uthulwa yinhlangano ebizwa nge-the Endangered Wildlife Trust

www.ewt.org.za and www.eia.org.za